# IKHATHEKIZIMU LASEHEIDELBERG

# noma

# IMFUNDISO YOBUKRISTU

## ISONTO 1

**1.** Iyini iduduzo yakho eyodwa ekuphileni nasekufeni na?

I**nguJesu Kristu, uMsindisi wami othembekileyo. Ngiyazi ukuthi ngomzimba nangomphefumulo ngingowakhe; ngokuba wangithenga ngegazi lakhe elinqabileyo ukuze ngibe ngowakhe. uSathane angisiye owakhe ngoba u Jesu Kristu ungikhulule emandleni akhe ngokuhlawulela izono zami zonke.**

**Njengoba ngingoka Jesu Kristu, uyangigcina ukuze kungalahleki nalunyenwele lunye lwekhanda lami ngaphandle kwemvume kaBaba osezulwini, yebo, ukuze konke kusebenzele insindiso yami.**

**Ngakho uyangipha uMoya wakhe oNgcwele njengesithembiso ukuqinisekisa ukuthi ukuphila okuphakade kungokwami; futhi ngoMoya wakhe uyangenza ngibe nesifiso namandla okumphilela kusukela manje kuze kube sekupheleni.**

Rom. 14:8, 1 Kor. 3:23, 6:19; Tithu. 2:14; 1 Pet. 1:18,19; 1 Joh. 1:7,2: 2,12; Heb. 2:14; 1 Joh. 3:8; Joh. 8:34-36; 6:39; 10:28; 2; Thes 3:3; 1 Pet. 1:5; Math. 10:30; Luk. 21:18; Rom. 8:28. 2 Kor. 1:22; 5:5; Efe 1:14; Rom. 8:14,16.

**2.** Yini okudingeka ukuba uyazi ukuze uphile kahle futhi ufe kahle kulenduduzo na?

Kufanele ngazi izinto ezintathu:

**a. Ukuthi usizi nesono sami kungakanani;**

**b. Nokuthi ngingasindiswa kanjani esonweni sami naso sizini lwami;**

**c. Ukuthi ngifanele ukumbonga kanjani uNkuIunkulu ngensindiso enjena.**

Math. 11:28-30; Efe. 5:8. Joh. 17:3,Joh. 9:41; Math. 9:12; Rom. 3:10; 1Joh. 1:9,10; Ize. 4:12,10: Efe. 5:10; iHub. 50:14; Math. 5:16; 1 Pet. 2:12; Rom. 6:13 2 Thim 2:15

# ISIGABA SOKUQALA

# ISONO

# ISONTO 2

**3.** Usizi nesono sakho usazi kanjani?

**Ngiyasazi ngomthetho kaJehova**. Rom. 3:20

**4.** Umthetho kaJehova ufunani kithi na?

UKristu uyasifundisa umthetho lapha uma ethi: **"woyithanda iNkosi uNkuIunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho. Yilowo umyalo omkhulu nowokuqala. Owesibili ofana nawo uthi: wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Kuleyomiyalo emibili kubambelela umthetho wonke nabaprofethi**"

Math. 22:37-40; Dut. 6:5; Lev. 19:18; Mark. 12:30; Luk. 10:27; 1 Pet. 1:22.

**5.** Uyakwazi ukugcina kahle konke lokho na?

**Chabo, ngokuba ngemvelo yami ngithanda ukumzonda uNkulunkulu kanye nabanye abantu**.

Rom. 3:10,20,23; Jer. 17:9; 1 Joh. 1:8,10; Rom. 7:9,8:7; Efe2:3;

Thit. 3:3; Gen. 6:5; 8:21.

## ISONTO 3

**6.** Ngabe uNkulunkulu wamdala umuntu emubi kangaka na?

**Cha, uNkulunkulu wamdala umuntu elungile, futhi wamdala ngomfanekiso wakhe; lokho wayelungile engcwele impela. Wamdala ukuba azi kahle uMdali wakhe, amthande ngenhliziyo yakhe yonke, amphilele amdumise njalo kuze kube- phakade.**

Gen. 1:26,27,31; Efe. 4:24; Kol. 3:10; 2 Kor. 3:18.

**7.** Uma kunjalo pho, lemvelo yomuntu eyonakale ivelaphi na?

**Konke lokhu kuvela kukho ukuwela esonweni nakukho ukungalaleli kwabantu bokuqala abangokhokho bethu oAdamu noEva eParadisi; khona lapho imvelo yonke yethu yonakala khona kangangokuba thina sonke sithatshathwa sizalelwe esonweni njengabantwana besono.**

Gen. 3: Rom. 5:12. 18-19; iHub. 51:7; 1 Kor. 15:21, 22

**8.** Ngabe sonakele kangangokuba asinawo amandla okwenza okuhle noma yikuphi sithande okubi kuphela na?

**Yebo kunjalo, ngaphandle kokuba sizalwa kabusha nguMoya oNgcwele ukuze sibe yizidalwa ezintsha**.

Gen. 6:5, 8:21; Job. 14:4, 15:14, 16,35; Joh. 3:3,5-6; Isay. 53:6; 1 Kor. 12:2; 2 Kor. 3:5.

# ISONTO 4

**9.** Ngabe uNkulunkulu akamphathi yini kabi umuntu nxa efuna ukuba enze umthetho wakhe abe umuntu engakwazi ukukwenza, lokhu na?

**Eqinisweni uNkulunkulu wamdala umuntu enamandla okuwenza umthetho wakhe wonke kodwa umuntu walandele ukukhohlisa kuka Sathani wamhlubuka ngamabomu kuJehova, ngokunjalo waziphuca yena nesizukulwane isipho sokulalela.**

Efe. 4:24; Gen. 3:6,13; 1 Thim. 2:13,14; Rom. 5:12.

**10.** Kanti uNkulunkulu uyayekela ukuhlubuka kwethu angasijezisi na?

**Cha akunjalo, uthukuthele kakhulu, hhayi nje ngenxa yemvelo yethu embi neyonakala eParadisi, kepha futhi ngenxa yakho konke ukona kwethu kwemihla ngemihia. Ngakho isijeziso sakhe sisifanele manje kulokhukuphila nakulokho okuzayo, emva kokufa kwethu. NguYena uqobo othe:** ***"baqalekisiwe bonke abangemi njalo kukho konke okulotshiweyo encwadini yomthetho ukuba bakwenze"***

Gal. 3:10. Gen. 2:17; Rom. 5:12; iHub. 50:21; Nah. 1:2; Eks. 20:5; 34:7; Rom. 1:18; Efe. 5:6; Dut. 27:26

**11.** Ngabe akanawo umusa uNkulunkulu na?

**Unawo impela kodwa futhi ulungile, ugcina iZwi lakhe nakuba thina singaligcinanga. Simonile uNkulunkulu wenkazimulo. Kufanele sijeziswe ngesijeziso esikhulu esimi njalo esisithwele ngomzimba nangomphefiimulo.**

Eks. 34:6,7, 20:5,6, 23:7; iHub. 5:5; Nah. 1:2,3.

# ISIGABA SESIBILI

## ISONTO 5

**12.** Njengokuba isijeziso sikaNkulunkulu sisifanele kulokhukuphila nakukho okuzayo; kepha ayikho yini indlela esingasinda ngayo sibuye samukelwe emuseni wakhe na?

**UJehova ulungile ugcina iZwi lakhe; ngakho kumelwe ukuba sihlawulele amacala ethu ukuze simanelise, thina uqobo noma mhlawumbe ngenye indlela.**

Gen. 2:17; Hez. 18:4; Eks. 23:7; Math. 5:26; 2 Thes. 1:6; Luk. 16:2; Rom. 8:4.

**13.** Thina-ke siyakwazi ukumanelisa uNkulunkulu na?

**Cha, asikwazi ukumenelisa uNkulunkulu, kodwa siyalandisa icala lethu imihla ngemihla ngokona**.

Job. 9:2, 4:18, 19, 15:15, 16; iHub. 130:3; Math. 6:12, 16:26, 18:25.

**14.** Kungafunyanwa yini nomaphi esinye isidalwa esinamandla sokusanelisela ukulunga kaNkulunkulu na?

**Cha, ngokuba okokuqala, uNkulunkulu akafuni ukujezisa icala elenziwe ngumuntu nakusiphi esinye isidalwa,**

**Okwesibili, Akunakwenzeka futhi ngokuba asikho nasinye isidalwa noma yisiphi esingakwazi ukuthwala ulaka lukaNkulunkulu oluphezu kwecala lethu. Noma ngabe kungenzeka kufunyanwe, nokho asikwazi ukukhulula ezinye olakeni lukaNkulunkulu.**

Hez. 18:4; Gen. 3:17; Nah. 1:6; iHub. 130:3.

**15.** Ngonjani uMlamuli noMsindisi okufanele simfune na?

**Kufanele abengumuntu saka ofana nathi kodwa ongenasono, oqotho. Kanti futhi ongaphezu kwezinye izidalwa ngamandla akhe okusho ukuthi onguNkulunkulu impela.**
1Kor. 15:21; Heb. 6; 26; Isay. 7:14; 9:5; Jer. 23:6; Luk. 11:21.

## ISONTO 6

**16.** Umlamuli ufanele ngani ukuba-ngumuntu impela nongenasono noqotho na?

**UNkulunkulu ulungile, futhi uthi ngumuntu owonile, ngakho nguyena futhi umuntu okufanele ahlawulela icala lakhe. Kufanele abe-ngumuntu ongenasono ngoba umuntu oyisoni akakwazi ukuhlawulela icala lakhe kanye nelabanye.**

Hez. 18:4,10; Rom. 5:18; 1 Kor. 15:21; Heb. 2:14-16, 7:26,27; iHub. 49:8; 1 Pet. 3:18.

**17.** LoMlamuli Kufanele ngani ukuba abe nguNkulunkulu impela na?

**Kufanele ukuze akwazi ukuthwala kubuntu bakhe, ngamandla obuNkulunkulu uthwalo wolaka lukaNkulunkulu, ukuze asizuzele futhi asibuyesele ukulunga nokuphila okuphakade.**

Isay. 53:4, 5; 9:5; 63:3; Dut. 4:24; Nah. 1:6: iHub. 130:3.

**18.** Ungubani yena loMlamuli onguNkulunkulu uqobo, nomuntu uqobo futhi ongenasono na?

**YiNkosi yethu Jesu Kristu ophiwe thina nguNkulunkulu *"abe-ukuhlakanipha nokulunga kanye nokungcweliswa nokuhlengwa"***

Kor. 1:30; 1 Thim. 2:5; 1 Joh. 5:20; Rom. 9:5; 8:3; Gal. 4:4; Isay. 9:6; Jer. 23:6; Mal. 3:1; Luk. 1:42; 2:6,7; Rom. 1:3; 9:5; Fil. 2:7; Heb. 2:14,16,17; 4:15.

**19.** Wena ukwazi kanjani lokhu?

**Ngikwazi ngeVangeli elingcwele (leBhayibheli) aqala uNkulunkulu walambula eParadisi, wase elazisa kokhokho abangcwele benkolo nabaprofethi, wabuye walifanekisa ngemihlatshelo nangenkonzo yonke yomthetho kaMose, waze waligcwalisa ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, uJesu Kristu.**

Gen. 3:15, 12:3, 22:18, 49:10; Isay. 42:1, 2, 43: 25, 49:5, 6, 22, 23; Jer. 23:5, 6, 31:32, 33, 32:39-41; Mik. 7:18-20; Izen. 3:22-24; 10:43 Heb. 1:1-3; Heb. 10:1; Kol. 2:7; Rom. 11:20; Kol. 2:7; Joh. 5:46.

## ISONTO 7

**20.** Konje bonke abantu babuye basindiswe kuKristu njengokuba belahlekile kuAdamu na?

**Cha, yilabo bodwa abatshalwe kuKristu ngokukholwa kweqiniso, bamukele zonke iziphiwo zakhe zomusa.**

Heb. 11:1; Efe. 3:12; Rom. 1:16,10:17

**21.** Kuyini lokhu kukholwa kweqiniso na?

**Ukukholwa kweqiniso kungulwazi lwempela oluyisiqiniseko sokuthi konke akwambulile uNkulunkulu eZwini lakhe, kuyiqiniso elethembekile.**

**Kusho futhi kungukwethemba okuqotho okwenziwe nguMoya Ongcwele ngevangeli, enhliziyweni yami kokuthi hhayi nje kwabanye kuphela, kodwa nakimi uNkulunkulu**

**ungipha intethelelo yezono, nokulunga kwaphakade ngomusa kuphela ngenxa yenzuzo kaKristu uJesu.**

Isay. 53:11; Heb. 4:16; 10:10; 11:1; Joh. 6:6,29; Efe. 2:8; Fil. 1:19; Gal. 2:16, 3:11; 5:22; Math. 16:17; Rom. 1:16; 10:17; 1 Kor. 1:21.

**22.** Yini engifanele ukukholwa yiyo njengoMkristu na?

**Konke esethenjiswa khona eVangelini elingcwle. Njengoba kuhlanganiswa kafushane emazwini ayishumi nambili okukholwa kwethu esikwamukela ngokungangabazi kanye namaKristu asemhlabeni wonke**.

Joh. 20:31; Math. 28:19; Mar. 1:15.

**23.** Athini laMazwi aYishumi naMbili na?

***"Ngiyakholwa kuNkulunklulu, uYise, uSomandla, uMdali wezulu nomhlaba.***

***NakuJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe yodwa, iNkosi yethu.***

***Owamukelwa kuMoya oNgcwele, wazalwayiniombi uMariya.***

***Wahlupheka kuPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambaweni, wafa wembelwa, wehlela***

***esihogweni.***

***Ngosuku lwesithathu wabuye wavuka kwabafileyo;***

***Wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise, uSomandla;***

***Lapho eyokuvela khona, ezothetha amacala abahleziyo nabafileyo.***

***Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele.***

***Ngiyakholwa kulo ibandla likaKristu, elingcwele, elilinye, elisezweni lonke, nakukho***

***ukuhlangana kwabangcwele.***

***Ngiyakholwa kukho ukuthethelelwa kwezono.***

***Nakukho ukuvuka komzimba.***

***Nakukho ukuphila okuphakade".***

# ISONTO 8

**24.** Ahlukaniswa kanjani lawamazwi?

**Ngokokuqala kukhulunywa kuwo ngoNkulunkulu-uBaba ongumdali wezulu nomhlaba nesintu sonke.**

**Ngokwesibili akuluma ngoNkulunkulu-iNdodana osisindisayo,**

**Ngokwesithathu akhuluma ngoNkuIunkulu-uMoya oNgcwele osingcwelisayo.**

**25.** Ukhuluma kanjani ngoNkuIunkulu-uYise neNdodana noMoya oNgcwele sengathi

**kukhona oNkulunkulu abathathu na? Kanti UNkulunkulu Akamunye na?**

**Kunjengoba uNkulunkulu uzambule kanjalo eZwini lakhe ukuba laba abathathu bangu NkuIunkuIu oyedwa weqiniso waphakade.**

Dut. 6:4; Efe. 4:5,6; 1 Kor. 8:4,6 Isay. 6:1,3 . 48:16, 61:1; Luk. 4:18; Gen. 1:2,3; iHub. 33:6; Math. 3:16,17; 28:19; 1 Joh. 5:7; 14:26; 15:26; 2 Kor. 13:13; Gal. 4:6; Gal. 4:6; Thit. 3:5,6.

# UNKULUNLULU UBABA NOKUDALWA KWETHU

## ISONTO 9

**26.** Yini okholwa yiyo uma uthi: ***"ngiyakholwa kuNkulunkulu, uYise, uSomandla, uMdali wezulu nomhlaba"*** **na?**

**Ukuthi uYise waphakade weNkosi yethu uJesu Kristu, nguYe owadala izulu nomhlaba nakho konke okukukho kungekho-lutho. Namanje usakulondoloza akubuse konke njalo ngecebo nangokunakekela kwakhe. NguYena onguNkulunkulu wami, noBaba wami ngenxa yeNdodana yakhe uJesu Kristu. Ngakho ngiyamethemba kangaka ukuze ngingangabazi ukuthi uzonginakekela ngakho konke okuyizidingo zomzimba nezomphefumulo, yebo futhi aguqule konke kuhlupheka angabele khona kulelizwe losizi, kube-ngokuhle kwami. Unamandla ukwenza ngoba unguSomandla futhi uyathanda ukukwenza enguBaba othembekayo.**

Eks. 20:11; Job. 33: 4; 38-39; iHub. 33:6; 55:23; Isay. 45:7; 104:27-30; 115:3; Math. 6:2 5,26; Luk. 12:22; 10:29; Zenz. 4:24; 14: 15; Rom. 8:28; 10:12; Gal. 4: 5-7; Efe. 1:5

## ISONTO 10

**27.** Ukunakekela kukaNkulunkulu kusho ukuthini kuyini na?

**Kusho amandla kaSomandla asebenza ngawo ezindaweni zonke. Ngalawo mandla usagcina abuse ngawo izulu nomhlaba ngesandla sakhe kangangokuba asitholi ngenhlanhla noma ngephutha imifino, notshani, imvula nesomiso, iminyaka yenala neminyaka yendlala, ukudla, nokuphuza, impilo noma izifo, umnotho, nobumpofu, nokunye, kodwa konke lokhu kuvela ngesandla sikaBaba.**

iZag. 16:33; 22:2; Jer. 5; 24,23:23,24; Isay. 29:15,16; Hez. 18:12; Heb. 1:3 Math. 10:29 iZen. 14:17

**28.** Kusizuzisani ukwazi ukuthi uNkulunkulu wadala konke nokuthi usakulondoloza konke ngokunakekela kwakhe na?

**Kusisiza ukuba sibe-nokubekezela nxa sehlelwa ukuhlupheka, sibe-nokubonga lapho siba nempumelelo, Futhi simethembe kukho konke okungase kusehlele kokuthi akukho-lutho oludaliwe olunokusahlukanisa nothando lukaBaba wethu. Ngoba izidalwa zonke zisesandleni sakhe, azinakunyakaza zenze utho ngaphandle kokuvunyelwa nguYe.**

Rom. 5:3; Jak. 1:3; iHub. 39:10; Jobe 1:21, 22; 1 Thes. 5:18; Dut. 8:10; iHub. 55:23; Rom. 5:4; Rom. 8:38, 39; Job. 1:12; 2:6; Izaga 21:1; Izenzo 17:25

# UNKULUNKULU INDODANA NOKUSINDISWA KWETHU

## ISONTO 11

**29.** INdodana kaNkulunkulu ibizelwani ngokuthi ‘uJesu’ okuthi uMsindisi na?

**Kunjengoba uyasikhulula kuzo zonke izono zethu asisindise, kanti futhi kunjengokuba insindiso ingefunwe ingetholakale noma kubani, kuJesu kuphela.**

Matt 1:21; Heb 7:25; Izenzo 4:12; Joh 15:4,5, 1 Thim 2:5; Isay 43:11; 1 Joh. 5:11

**30.** Labo abafuna insindiso nokubusiswa kwabo kwabathiwa "abangcwele" noma kubo uqobo lwabo noma kwenye indawo, konje abanjalo bayakholwa kuMsindisi oyedwa uJesu na?

**Cha,bayamphika noma bembonga ngomlomo. Kuphakathi kokuthi uJesu akasiye uMsindisi wethu ophelele noma unguYe, ngakho labo abamamukelayo ngokukholwa kweqiniso banakho konke kuYe abakudingela insindiso yabo.**

1 Kor 1:13,30, 31, Gal 5:4, Heb 12:2, Isaya 9:6; Kol 1:19, 20

# ISONTO 12

**31.** Ubizelwani ngokuthi ‘uKristu’ uMgcotshwa na?

**Yingoba UNkulunkulu uYise wamgcoba uJsesu ngoMoya oNgcwele wammisa ukuba abe-uMprofethi wethu noMpristi wethu neNkosi yethu.**

**NjengoMprofethi omkhulu noMfundisi wethu osambulela ngokupheleleyo icebo kanye nentando efihliwe kaNkulunkulu maqondana nokusisindiswa kwethu.**

**NjengoMpristi wethu omkhulu oyedwa usikhulule ngomhlatshelo wakhe owodwa womzimba wakhe futhi ulokhu esimela imihla nemihla kuBaba ngokusinxusela.**

**NjengeNkosi yethu yaphakade uyasibusa ngeZwi lakhe nangoMoya wakhe oyiNgcwele, asivikele asigcine ensindisweni asizuzele yona.**

Luk. 3:21-22; Heb. 13:12, 13

**32.** Manje wena-ke ubizelwani ngokuthi uMkristu na?

**Yingoba ngokukholwa ngihlangene noKristu nokugcotshwa kwakhe nami ngibe-ngumprofethi nompristi nenkosi.**

**Njengomprofethi: ukuba ngivuma igama likaKristu obala ezweni.**

**Njengompristi: ukuba ngizinikele kuYe ngibe-ngumnikelo ophilayo wokubonga.**

**Njengenkosi: ukuba ngilwe nesono noSathane ngiselapha kulokhu kuphila ngibe-nonembeza omuhle nokhululekileyo, ngize ngibuse noKristu ngale njalonjalo phezu kwakho konke okudaliweyo.**

Rom. 12:1, 2,Izenzo 2:17, 11:26, 1 Kor. 6:15, 1 Joh 2:27

# ISONTO 13

**33.** UKristu ubizelwani ngokuthi **iNdodana ezelwe yodwa** kaNkulunkulu njengokuba nathi singabantwana baka Nkulunkulu na?

**Yebo, siyibo abantwana abaNkulunkulu, kodwa uKristu uyiNdodana yaphakade kaNkulunkulu ngemvelo yakhe, kepha thina samukelwa ngomusa ukuba sibe abantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa.**

Efe. 2:10, Joh. 1:14,3:16, Heb. 1:1,2,

**34.** Kungani uJesu simbiza ngokuthi uyiNkosi yethu na?

**Yingoba wasithenga ngomzimba nangomphefumulo wakhe ezonweni zethu zonke kungengegolide nesiliva kodwa ngegazi lakhe elinqabileyo. Kanjalo wasisindisa emandleni onke kaSathane wasenza sibe-ngabakhe.**

1 Pet. 1:17-19; 2:9,1 Ko 6:20, 1 Tim 2:6, Joh 20:28

# ISONTO 14

**35.** Lamazwi athi; **Owamukelwa kuMoya oNgcwele, wazalwa yintombi uMariya,** asho ukuthini?

**Asho ukuthi iNdodana yaphakade kaNkulunkulu enguNkulunkulu wempela waphakade futhi engasoze yaguquka iyohlala injalo Yiyo yona leyoNdodana eyaba-ngumuntu wempela, ngokwamukela ubuntu bayo enyameni nasegazini lentombi uMariya, ngokusebenza kukaMoya oNgcwele.**

**Kanjalo waba-yinzalo kaDavide, yaba futhi umuntu onjengabafowabo kukho konke kepha engenaso isono.**

Heb 2:14,15,17; Heb 4:15; Rom 1:3; Hob. 132:11,

**36.** Kukusiza kanjani ukuthi uKristu wamukelwa wazalwa engenasono na?

**Ukuba abenguMlamuli wami osibekela ngokupheleleyo phambi kukaNkulunkulu ngobumhlophe nangobubele bakhe isono sami engamukelwa ngazalelwa kuso.**

1 Thim. 2:5; 1 Pet. 3:18; 1 Pet. 1:18, 19,3:18; 1 Kor. 1:30 ; 8:3,4; Isay. 53: 11; iHub. 32:1

# ISONTO 15

**37.** Uqondani ngalelizwi elith, **Owahlupheka** na?

**Ngiqonda ukuthi sonke isikhathi sokuphila kwakhe emhlabeni wahlupheka kepha kwaba-kubi kakhulu ekugcineni. Njengokuba wayethwala ngomzimba nangomphefumulo wakhe, ulaka lukaNkulunkuïu ngenxa yesono sesintu sonke. Ngalokho kuhlupheka kwakhe waba ngumhlatshelo owodwa wesono, wasindisa imizimba nemiphefumulo yethu ekulahlweni okwaphakade.**

Isay. 53:4; 2 Kor. 5:21; 1 Pet 2:24, 3:18, 2 Kor 5: 21; Joh. 3:16; 6:51; Heb 9:15; 10:19

**38.** Wahluphekelani phambi komahluleli uPontiyu Pilatu na?

**Kristu walahlwa ngumahluleli wezwe nakuba engenacala. Ngakho wasikhulula ecaleni lokufa phambi kukaNkulunkulu.**

iHub. 69:5; Gal. 3:13; Math. 27:24 Luk 23:14,15; Joh. 19:4

**39.** Indlela afa ngayo okungeyoku**bethelwa esiphambanweni** isho ukuthini na?

**Isho ukuthi wabuthwala ububi bethu ngoba uNkulunkulu uthe "baqalekisiwe bonke abalenga emthini" Gal. 3:13; Dut. 21:23 Ngakho nginesiqiniseko sokuthi uKristu wathwala isiqalekiso esasiphezu kwami.**

Gal. 3:13; Dut. 21:23

## ISONTO 16

**40.** Kwakufanele ngani ukuba uKristu azithobise kuze kube-sekufeni na?

**Isono sethu sasiphethe icala lokufa; ngakho ngenxa yokulunga kukaNkulunkulu yayingekho enye indlela elalinokuhlawulelwa ngayo ngaphandle kokufa kweNdodana kaNkulunkulu esiphambanweni.**

Gen. 2:17 Rom. 8:3,4; Heb. 4:14,15

**41.** Kungani kwakufanele aze ambelwe na?

**Wambelwa ukuze kufakazelwe ngakho ukuthi wayesefile impela.**

Math. 27:59; Luk. 23:53; Joh. 10:38; Zen. 13:29.

**42.** Lokhu nakhu uKristu wasifela, kusafanele ngani ukuthi nathi ***sife*** na?

**Ukufa kwethu manje akuyikho ukuhlawulela izono zethu kepha kungukufa kwezono nesango esingena ngalo ekuphileni okuphakade**. iHub. 49:8; Mar. 8:37; Joh. 5:24; Rom. 7:24 Fil. 1:23

**43.** Yikuphi esikuzuzayo ngomhlatshelo nangokufa kukaKristu ***esiphambanweni*** na?

**Ukuba ngamandla akhe uKristu, umuntu wethu omdala ubethelwa abulawe embelwe kanye naYe esiphambanweni. Ngakho-ke izinkanuko ezimbi zenyama azisabusi phakathi kwethu kodwa futhi ukuze sizinikele kuYe sibe-ngumnikelo wokubonga**.

Rom. 6:1-6; 12:1,2

**44.** Kungani kulandela ukuthi ***wehlela esihogweni*** na?

**Ukuze ezinhluphekweni zami zonke ngibe nokuqiniseka ngiziduduze ngokupheleleyo ngokokuthi iNkosi yami uJesu Kristu ingisindisile ekukhathazekeni nasovalweni lwesihogo nobuhlungu baso ngokuhlupheka kwakhe. iNkosi yami yayihlupheka njalo isesezweni lasemhlabeni, ikakhulu esiphambanweni ekukhathazekeni nasebuhlungwini nasezinsizini nasebuhlungwini besihogo ngendlela edlulele esingeyichaze ngamazwi ethu onke. Ngakho konke, lokhu ngiduduzekile ukuthi ungikhulule mina kukho konke okunjalo. Noma ngilingwa kangaka, angisashaywa uvalo lokufa nolwesihogo.**

iHub. 18:5-6; 116:3; Isay. 53:5; Math. 26:38; 27:46; Heb. 5:7

## ISONTO 17

**45.** Kusizuzisani ukuvuka kuka Jesu Kristu na?

**Okokuqala wanqoba ukufa ngokuvuka wakhe wasenza ukuba sihlanganyele ukulunga kwakhe asizuzela khona ngokufa kwakhe esiphambanweni.**

**Okwesibili ngamandla akhe nathi siyavuswa sithola ukuphila okusha.**

**Okwesithathu ukuvuka kukaKristu kuyisibambiso esiqotho sokuvuka kwethu okubusisekile.** Rom. 4:25; 6:4; 1Kor. 15:16,20-21; Efe. 2:5-6; Kol. 3:1-3.

## ISONTO 18

**46.** Amazwi athi ***wenyukela ezulwini*** asho ukuthini?

**Athi uJesu Kristu wenyuselwa ezulwini phambi kwamehlo abafundi bakhe; ukhona lapho ngenxa yethu, umele thina uzobuya ukwahlulela abaphilayo nabafileyo**.

Math. 24:30; Mar. 16:19; Luk. 24:51; Zen. 1:9-11; Rom. 8:34; Kol. 3; 1; Heb. 4:14; 9:24

**47.** Ngabe lokho kusho ukuthi akekho uKristu phakath kwethu kuze kube-sekupheleni kwezwe njengokuba esithembisile ezwini lakhe na?

**Khumbula ukuthi uKristu ungumuntu uqobo nokuthi futhi unguNkulunkulu impela futhi. ngakho-ke akasekho phakathi kwethu ngobuntu bakhe, kepha ngobuNkuIunkulu bakhe uhlala enathi njalo, ngenkazimulo, nangoMoya**

**wakhe**.

Math. 26:11; 28:20; Joh. 14:18; 16:28; 17:11; Zen. 3:21; Heb. 8:4

**48.** Kepha uma ubuntu bakhe bungekho yonke indawo lapho kukhona ubuNkulunkulu bakhe, konje lelezizimo ezimbili azihlukaniswa yini?

**Cha, uKristu akehlukene, munye noma ngobuNkuIunkulu enxazonke kepha futhi nango bungomuntu bakhe**

**Akukho lutho olunokumvalela ukuba abe sezulwini nasemhlabeni ngesikhathi esisodwa. Yingakho sifundiswa ukuthi uKristu noNkulunkulu bahlangene, ngokunjalo futhi Kristu nomuntu**.

Jer. 23:24; Math. 28:6; Joh. 3:13; 11:15; Zen. 7:49; 1 Kor. 12:3; Kol. 2:9

**49.** Ukwenyukela kukaKristu ezulwini kusisiza kanjani?

**Okokuqala ukuthi unguMmeli wethu ezulwini phambi kukaYise.**

**Okwesibili ukuthi sinyama yethu ezulwini eyisibambiso esithembekile sokuba njengoku uJesu eyiNhloko yethu kanjalo uzakuphakamisa thina esiwumzimba wakhe ukuba sibe lapho ekhona.**

**Okwesithathu ukuthi uyasithumelela uMoya wakhe oyiNgcwele njengesibambiso ukuze sinake okungaphezulu laphouKristu ekhona ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkuIu, singabe-sisanaka okusemhlabeni**

Joh. 14:2. 16; 16:7; 17:24; 20:17; Zen. 2:33; Rom. 8:34; 2 Kor. 1:22; 5:5; Kol. 3:1

# ISONTO 19

**50.** Kujotshelelwani ukuthi ***uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu*** na?

**Yingoba uKristu wanyukela ezulwini ukuze azibokalise khona njengenhloko yebandla lakhe, uJehova abusa ngayo konke okudaliweyo**.

Math. 28:18; Joh. 5:22; Efe. 1:20; Kol. 1:18

**51.** Lenkazimululo yeNhloko yethu enguKristu isisiza ngani thina na?

**Okokuqala uthululela ngoMoya wakhe izipho zasezulwini phezu kwethu esiyizitho zakhe. Okwesibili njengoba enamandla onke uyasigcina asivikele ngawo ezitheni zethu zonke.**

iHub. 2:9; 110:1,2; Joh. 10:28; Zen. 2:33; Efe. 4:8.

**52.** *Ukubuya kukaKristu ukuba azothetha amacala abahleziyo nabafileyo* kuyakududuza kanjani na?

**Ngiyaduduzwa ngokuthi ekudabukeni konke, nasekuzingelweni konke, uKristu wazibeka yena esikhundleni sami phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu wasusa kimi isiqalekiso sami. Yena lowoKristu sengiyamlindela manje, ngimlangazelela noma ngisephakathi kokuxakeka nokuzingelwa aze abuye evela ezulwini njengoMahluleli oyokulahla izitha zakhe kanye nezami ekulahlweni okuphakade.**

Math. 25:34,41; Luk. 21:28; Rom. 8:23; Fil. 3:2 1 Thes. 4:16; 2 Thes. 1:7; Tit. 2:13.

# UMOYA OYINGCWELE NOKUNGCWELISWA KWETHU

## ISONTO 20

**53.** Usuke uthini uma uthi ngiyakholwa ***kuMoya oNgcwele*** na?

**Okokuqala ngivuma ukuthi uMoya oNgcwele unguNkulunkulu uqobo weqiniso, kanye noYise neNdodana.**

**Okwesibili ukuthi nami ngiphiwe uMoya oNgcwele ukuba angihlanganyelise noKristu kanye nayo yonke imisebenzi yakhe yomusa ngokukholwa kweqiniso, angiduduze ahlale nami njalo**.

Gen. 1:2; Isay. 48:16; Math. 28:19; Joh. 14:16; 15:26; Zen. 5:3,4; 9:3; 1 Kor. 3:16,17; 2 Kor. 1:22. Gal. 3:14; 4:6; Efe. 1:13; 1 Pet. 1:2; 4:14.

## ISONTO 21

**54.** Yini oyikholwayo kulo ***ibandla likaKristu elingcwele elisemhlabeni wonke jikelele*** na?

**Ngiyakholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu ikhethela ukuphila okuphakade ibandla elivela kuso sonke isizukulwane sesintu. Yazibuthela lona, ilivikele, iligcine ibandla. uKristu ukwenza lokhu ngoMoya wakhe, nangeZwi lakhe, kusukela kwasekuqaleni komhlaba kuze kube sekupheleni kwawo. Ngiyakholwa futhi ukuthi mina uqobo ngiyilungu lalo lelibandla eliphilayo, futhi ngizohlala ngiyilo kuze kube phakade.**

Gen. 26:4; iHub. 23:6; 71:17,18; 129:1-5; Isay. 59:21; Math. 16:18; Joh. 10:11, 28-30; Zen. 2:42; 20:28; Rom. 1:16; 8:29;

10:28-30; 1 Kor. 1:8,9; 11:26; 2 Kor. 13:5; Efe. 1:10-13 ; 4:11-13; 5:26; 1 Joh. 3:14,19-21; 1 Joh. 2:19; 1 Pet. 1:5; Isamb. 5:9.

**55.** Usuke usho ukuthini uma uthi ***ngiyakholwa kukho ukuhlangana kwabangcwele*** na?

**Okokuqala ngikholwa ukuthi abakholwayo bonke njengezitho zomzimba kaKristu, bahlangene neNkosi uKristu bonke kanyekanye yilowo nalowo ngokwakhe, banenhlanganyelo noKristu kanye nayo yonke ingcebo nezipho zakhe.**

**Okwesibili yilowo nalowo makabone ukuthi kudingekile ukusebenzisa ngenjabulo iziphiwo zakhe kuze kusizakale yabanye abakholwayo abangamalunga ebandla kanye naye.**

Rom. 8:32; 1 Kor. 6:17; 12:12, 13; 13:5; Fil. 2:4-8

**56.** Yini oyikholwayo kukho u***kuthethelelwa kwezono*** na?

**Njengoba uKristu ehlawulela izono zami zonke, ngakho ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu akasoze azikhumbula futhi. Yebo nemvelo yami eyonakeleyo engimelwe ukulwa nayo ekuphileni kwami konke, akangijezisi ngenxa yayo. Futhi uyangipha ngomusa ukulunga kukaKristu ukuba ngingabe ngisalahlwa nguNkulunkulu.**

iHub. 103:3,10-12; Jer. 31:34; Mik. 7:19; Joh. 3:18; 5:24; Rom. 7:23-25; 2 Kor. 5:19; 1 Joh. 2:2.

## ISONTO 22

**57.** Iyiphi induduzo oyamukela ***ngokuvuka komzimba*** na?

**Ngiyakholwa ukuthi akuwona umphefumulo wami kuphela oyokuphakanyiselwa ezulwini kuKristu oyiNhloko yawo, kodwa futhi nalenyama yami iyakuvuswa ngamandla**

**kaKristu ngosuku lokugcina. UKristu uyokuguqula umzimba wami ukuba ufane nozimba wakhe wenkazimulo, bese ehlanganisa inyama yami nomphefumulo wami.**

Job. 19:25,26; Luk. 16:22; 23:43; Fil. 1:21,2 3; 3:21; 1 Joh. 3:2

**58.** Wamkela indudozo enjani kukho ***Ukuphila okuphakade*** ?

**Ukuthi sengiyezwa manje enhliziyweni yami ukuqala kwenjabulo yaphakade. Ngakho emva kwalokhukuphila ngiyokuba nensindiso ephelele. Yikhona ngiyokumdumisa uNkulunkulu ingunaphakade *"Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga okungavelanga enhliziyweni yamuntu"***

1 Kor. 2: 9; 2 Kor. 5:2,3.

# ISONTO 23

**59.** Pho, ukukholwa yikho konke lokhu okungenhla kukusiza kanjani?

**Ukuthi ngibe ngumuntu olungileyo nongenacala kuKristu phambi kukaNkulunkulu, ngibe futhi yindlalifa yokuphila okuphakade**.

Dut. 9:6; Hez. 36:22; Hab. 2:4; Joh. 3:18, 36; Rom. 1:17; 3:21, 22,24; 5:1-2; 2:4; 2 Kor. 5:19,21; Gal. 2:16; Efe. 2:8-9; Fil. 3:9; 1 Joh. 2:1-2; Tit. 3:5

**60.** Ungolungileyo kanjani phambi kukaNkulunkulu na?

**Ngingolungileyo ngokukholwa okuqotho kuJesu Kristu kuphela. Lokho kusho ukuthi uNkulunkulu ungipha ngomusa nje inhlawulo ephelelеyo nokulunga nobungcwele bukaKristu noma kungangifanele neze.**

**Yebo, unembeza wami ungibekela icala lokuthi ngonile kuyo yonke imiyalelo kaNkulunkulu, angagcinanga ngisho nowodwa wayo, futhi ngisathanda ukwenza konke okubi njalo.**

**Nokho uNkulunkulu ungibalela wonke umsebenzi kaKristu awenza kube sengathi angizange ngibenazo izono, kube-sengathi mina uqobo ngiwufeza ngokupheleleyo wonke umsebenzi wokulalela owafeziwe nguKristu ngenxa yami.**

**Mina ngihlanganyela nakho konke asenzele khona uKristu esiphambanweni njengokuba ngikwamukela ngenhliziyo ekholwayo.**

Dut. 9; 6; Hez. 36:22; Joh. 3:18; Rom. 3:9, 21, 22, 24; 4:4; 5:1,2; 7:23; 2 Kor. 5:19,21; Gal. 2:16; Efe. 2:8; Fil. 3:9; Tit. 3:5; 1 Joh. 2:1,2.

**61.** Usho kanjani ukuthi ungolungileyo ngokukholwa kuphela na?

**Angikusho lokho ngokuba ukukholwa enginakho okungumsebenzi ofanele ukuba ngithole umvuzo ngakho kuNkulunkulu. Cha, kusho ukuthi inhlawulo nokulunga nobungcwele bukaKristu kuphela, kungukulunga kwami phambi kukaNkulunkulu. Ngingakwamukela lokho ngikwenze kube ngokwami ngokukholwa kuphela**.

1 Kor. 1: 30, 2:2; 1 Joh. 5:10

## ISONTO 24

**62.** Pho yini ukuba imisebenzi yethu elungileyo ingakwazi ukuba ngukulunga kwethu phambi kukaNkulunkulu, noma inxenye yakho na?



Please report any translation inaccuracies to wjswanepoel@gmail.com

**Yingoba kulokhukuphila ngisho naleyo misebenzi yethu elungile kakhulu, ayiphelele phambi kukaNkulunkulu ngoba inindiwe yizono zethu. UNkulunkulu ufuna ngomthetho wakhe lokho kodwa okuphelele**.

Dut. 27:26; Isay. 64:6. Gal. 3:10.

**63.** Kanti asizuzi lutho ngokwenza imisebenzi emihle na? Njengokuba phela uNkulunkulu ethanda ukusipha umvuzo ngemisebenzi yethu kulokuphila nakukho okuzayo na?

**Lomvuzo asiwutholi njengoba usifanele njengenkokhelo. Kodwa ngumvuzo womusa kuphela!**

Luk. 17:10

**64.** Kodwa sengathi imfundiso enje idala abantu abanganaki nababi, akunjalo?

**Cha, akunakwenzeka ukuba lowo otshalwe kuKristu ngokukholwa okuqotho angatheli izithelo zokubonga**.

Math. 7:18; Joh. 15:5

## AMASAKRAMENTE

## ISONTO 25

**65.** Njengokuba kungukukholwa kuphela okusihlanganisa noKristu kanye nayoyonke imisebenzi yakhe yonke yomusa. Kodwa pho kuvelaphi lokhu kukholwa na?

**Kuvela kuMoya oNgcwele. NguYena osebenza ukukholwa ezinhliziyweni zethu ngokusishunyemayeza iVangeli elingcwele, bese ekuqinisa ngokusebenzisa amasakramente.**

Efe. 2:8; 6:23; Joh. 3:5, Fil. 1:29; Matt. 28:19; 1 Pet. 1:22,23

**66.** AmaSakramente ayini?

**AmaSakramente ayizibonakaliso nezibambiso ezingcwele ezibonakalayo ezamiswa nguNkulunkulu. Ngawo uNkulunkulu uyasichachisela kangcono isethembiso seVangeli ngokuba zonke izikhathi nxa siwasebenzisa ngokukholwa uNkulunkulu usipha ngomusa intethelelo yezono nokuphila okuphakade ngenxa yomnikelo owodwa asenzele wona uKristu esiphambanweni.**

Gen. 17:11; Rom. 4:11; Dut. 30:6; Lev. 6:25; Heb. 9:7-9; Hez. 20:12; Isay. 6:6,7; 54:9

**67.** Ngabe iZwi namaSakramente kwamiswa ukuba kusikhombe kumhlatshelo kaKristu esiphambanweni na?

**Kunjalo impela. UMoya oNgcwele uyasifundisa eVangelini asiqinisele ngamaSakramente khona lokho kokuthi umnikelo kaKristu esiphambanweni uyisisekelo esisodwa sensindiso yethu yonke.**

Rom. 6:3; Gal. 3:27

**68.** UKristu umise amaSakramente amangaki eTestamente eliSha na?

**Wamisa amaSakramente amabili; umbhabhadiso ongcwele nesidlo esingcwele.**

## UMBHABHADISO ONGCWELE

## ISONTO 26

**69.** Umbhabhadiso ukubonisa kanjani, futhi ukuthembisa

kanjani ukuthi umnikelo owodwa kaKristu wesiphambano ungowakho na?

**UKristu wayaleza ukubhabhadisa ngamanzi ahlanza umzimba womuntu. Uyabonakalisa kanjalo embhabhadisweni ukuthi mina ngihlanzwa ngaphakathi ezonweni zami ngegazi nangoMoya wakhe oNgcwele njengalokhu ngaphandle ngihlanzwa ngamanzi asusa ukungcola komzimba. Nokho umbhabhadiso akuyiso isibonakaliso kuphela kodwa futhi kuyisibambiso uyisiqiniseko sokuthi okubonakala ngaphandle kuyenzeka ngaphakathi kwami.**

Matt. 3:11; 28:19; Mark. 1:4; 16:16; Luk. 3:3; Joh. 1:33; 3:5; Zen. 2:38; Rom. 6:3,4; 1 Pet. 3:21

**70.** Ukuhlanzwa ngegazi nangoMoya kaKristu kusho ukuthini?

**Ukuhlanzwa ngegazi likaKristu kusho ukuthi: siphiwe nguNkulunkulu ngomusa intethelelo yezono ngenxa yegazi likaKristu ngokomnikelo wakhe esiphambanweni.**

**Ukuhlanzwa ngoMoya kaKristu kusho ukuthi senziwe sibe basha ngoMoya oNgcwele, sibe yizitho zomzimba kaKristu, sife ezonweni zethu sibe-nokuhamba okungasoleki nokungcwele.**

Hez. 36:25; Zak. 13:1; 6:4; Joh. 1:33; 3:5; Rom. 6:11; 12:13; Kol. 2:12; Heb. 12:24; 1 Pet. 1:2; iSamb. 1:5; 7:14

**71.** Ngabe uKristu usithembisa kuphi okunjalo eBhayibhelini, ukuthi siyahlanzwa ngaphakathi ngegazi lakhe nangoMoya oyiNgcwele ingaphakthi lethu njengokuba sihlanzwa ngaphandle ngamanzi ombhabhadiso. na?

**Wakuthembisa lokhu mhla emisa umbhabhadiso oNgcwele**

**okufundeka kanje:** ***"ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele" (Math*** **28:19). UKristu wathi futhi:** ***"Okhotwayo abhabhadiswe, uyakusindiswa kepha ongakhohvayo, uyakulahlwa"*** **(Marku 16:16). Isethembiso lesi siphindwa lapho uMbhalo ubiza umbhabhadiso ngokuthi** ***"isigezo sokuphindukuzalwa nokuhlanjululwa kwezono "*** Thit 3:5; iZen 22:16

# ISONTO 27

**72.** Ngabe ngamanzi ombhabhadiso uqobo yini asihlanza ezonweni na?

**Cha, yigazi likaJesu Kristu noMoya oNgcwele kuphela okusihlanza ezonweni zethu**.

Matt. 3:11; 1 Pet. 3:21; Efe. 5:26; 1 Joh. 1:7; 1 Kor. 6:11

**73.** Uma kunjalo, uMoya oNgcwele ukhulumelani eZwini ngombhabhadiso njengesigezo sokuphindukuzalwa nokuhlanjululwa kwezono na?

**UNkulunkulu usho njalo enesizathu esinohlonze. Uyasifundisa ukuthi umbhabhadiso uyisibonakaliso sokuthi njengokuba angamanzi asusa ukungcola komzimba, kanjalo izono zethu zisuswa ngaphakathi ngegazi leNdodana yakhe uJesu Kristu nangoMoya. Kodwa.**

Rev. 1:5,7; 1 Kor. 6:11; Mark. 16:16

**74.** Kufanele yini ukuba nezingane ezincane zibhabhadiswe na?

**Yebo, ngoba zihlangene nesivumelwano sikaNkulunkulu nebandla lakhe . njengabakhulile. Futhi isethembiso sentethelelo yezono ngegazi likaKristu nesethembiso**

**sikaMoya oNgcwele osebenza ukukholwa singesazo, njengokuba singesabakhulileyo.**

**Ngakho kufanele zitshalwe ebandleni likaKristu ngombhabhadiso oyisibonakaliso sesivumelwano, zahlukaniswe ngawo ezinganeni zabangakholwayo. Lokhu kwakwenziwa ngaphambili ngesikhathi sesivumelwano esidala ngokusokwa kodwa manje esivumelwaneni esisha sinombhabhadiso omiswe endaweni yokusokwa.**

Gen. 17:7 Zenz. 2:39; 10,47; Matt. 19:14; Luk. 1:15; iHub. 22:11; Isay. 44:1-3; Kol. 2:11-13

# ISIDLO ESINGCWELE

## ISONTO 28

**75.** Isidlo sikubonisa kanjani, futhi sikuthembisa kanjani ukuthi wena uqobo uhlangene nomhlatshelo owodwa kaKristu esiphambanweni, wamukele kanjalo iziphiwo zakhe zonke zomusa na?

**UKristu wangiyaleza kanye nabakholwayo bonke ukuba sidle lesisinkwa esihleshuliweyo, siphuze kulendebe simkhumbule.**

**Uyabonakalisa kanjalo ukuthi umzimba wakhe wanikelwa wahleshulwa ngenxa yami esiphambanweni njengokuba ngibona ngamehlo ami ukuthi isinkwa sihleshulelwa mina, nginikezwa indebe.**

**Nokho indebe akuyiso isibonakaliso kuphela; kuyisibambiso esiyisiqiniseko futhi sokuthi Yena uqobo uyangondla ngomzimba wakhe obethelweyo negazi lakhe elichithiweyo ngibe-nokuphila okuphakade**.

Matt. 26:26-28; Mar. 14:22-24; Luk. 22:19,20; 1 Kor. 10: 16,17; 11:23-25; 12:13

**76.** Ukudla umzimba wakhe obethelweyo nokuphuza igazi lakhe elichithiweyo kusho ukuthini?

**Kuthi: ngokwamukela ngenhliziyo ekholwayo ukuhlupheka konke nokufa kukaKristu ngiphiwa intethelelo yezono nokuphila okuphakade.**

**Kuthi futhi: ngoMoya wakhe oNgcwele ohlala kuYe nakimi futhi, uyangihlanganisa nomzimba wakhe ongcwele ngokuqhubekela ngaphambili; kanjalo siyinyama yenyama yakhe nethambo lamathambo akhe nakuba Yena esezulwini, thina sisemhlabeni. Kusho ukuthi siphila sibuswa nguMoya munye njengokuba izitho eziningi zomzimba munye zihlanganiswa ngumoya munye.**

Joh. 4:15; 6:35; 40,50-51, 53; 6:55,56,57; 15:1-6; Zenzo3:21; 1 Kor. 11:26; Efes 4:15, 16; Kol. 3:1

**77.** Siyezwa, uKristu uyondla abakholwayo ngomzimba nangegazi lakhe njengokuba bedla isinkwa lesi esihleshuliweyo bephuza endebeni lena. Kepha uKristu usithembisaphi okunjalo eBhayibhelini na?

**Wakuthembisa lokho mhla emisa isidlo kufundeka kanje:** ***"INkosi uJesu, ngalobobusuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wathi: Lokhu kungumzimba wami ohleshulelwe nina; lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule. Kanjalo wathabatha nesitsha emva kokudla kwakusihlwa, wathi: Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami; lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba ningikhumbule. Ngokuba njalo, nxa nidla lesisinkwa niphuze lesisitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike"*** **(1 Kor. 11:23 - 26)**

**Isethembiso lesi siphindwa ngumphostoli uPawule nxa ethi; *"Isitsha sesibusiso esisibusisayo asiyiyo inhlanganyelo yegazi likaKristu na? Isinkwa esisihlephulayo, asiyiyo inhlanganyelo yomzimba kaKristu na? Ngohiba isinkwa sisinye, thina esibaningi singumzimba munye, lokhu thina sonke sihlanganyela lesosinkwa sinye"***

1 Kor. 10:17-17; Matt. 26:26; Mark. 14:22-24; Luk. 22:19,20

# ISONTO 29

**78.** Ngabe mhlawumbe isinkwa newayini kuphenduka kube-umzimba negazi Iempela likaKristu na?

**Cha, isidlo nombhabhadiso kuyafana; amanzi ombhabhadiso awaphenduki igazi likaKristu; awayiso ngokwawo isigezo sezono kodwa uyisibonakaliso nesibambiso saso kuphela. Ngokunjalo isinkwa sesidlo asiphenduki umzimba wempela kaKristu. Kanti ngomthetho wamasakramente sikhuluma ngomzimba kaKristu.**

Eks 12:11,13; 13:9; 1Kor 10:16-17; Matt 26:29; Efe 5:26; Thit 3:5; 1Kor 10:3-4; 16; 11:26; 1Pet 3:21

**79.** Uma kunjalo, uKristu washoloni ukuthi isinkwa singumzimba wakhe, indebe yigazi lakhe njengokuba noPawule ukhuluma ngenhlanganyelo yomzimba negazi likaKristu na?

**UKristu usho njalo enesizathu esinohlonze. Uyasifundisa ngesidlo njengesibonakaliso sokuthi njengokuba isinkwa newayini kusondla kulokhukuphila, kanjalo umzimba wakhe obethelweyo negazi lakhe elichithiweyo kungukudla nokuphuza okuqotho kwemiphefumulo yethu size siphile naYe.**

**Kodwa isidlo sikhulu futhi kunesibonakaliso; siyisibambiso futhi asifundisa ngaso njengesiqiniseko sokuthi okokuqala,**

**thina sihlanganyela isibili nomzimba wakhe wempela ngokusebenza kukaMoya oNgcwele nxa samukela ngemilomo yethu lezizibonakaliso ezingcwele simkhumbule; okwesibili ukuthi ukuhlupheka nokulalela konke okukaKristu kungokwethu kube-sengathi yithina mathupha esasihluphekela nesahlawulela izono zethu phambi kukaNkulunkulu.**

Joh. 6:55; 1 Kor. 10:16

## ISONTO 30

**80.** Ngumuphi umahluko okhona phakathi kwesidlo nemisa lamaRoma na?

**Isidlo siyaqinisekisa ukuthi okokuqala sinentethelelo epheleleyo yezono zethu zonke ngomhlatshelo owodwa kaJesu Kristu awufeza kanye kuphela esiphambanweni.**

**Okwesibili ukuthi sitshalwa ngoMoya oNgcwele kuKristu nakuba ngobuntu bakhe esezulwini lapho ehlezi khona ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, ufuna ukuba simkhonze ekhona lapho.**

**Kodwa imisa lisho okunye lithi abaphilayo nabafileyo bangamukela intethelelo yezono kuphela uma uKristu enikelwa kabusha ngenxa yabo zonke izinsuku ngabapristi. Liyafundisa futhi ukuthi uKristu ngomzimba wakhe ukhona uqobo esidiweni nokuthi ngakho ufanele akhonzwe esinkweni nasewayini.**

**Ngakho ngokweqiniso imisa lingukuwuphikisa umhlatshelo owodwa kaJesu Kristu nokuhlupheka kwakhe; lifana nokukhonza izithixo okulahliwe nguNkulunkuIu.**

Matt. 26:28; Luk. 22:19; 24:52; Joh. 20:17; 1 Kor. 10:16; 6:17 Heb. 1:3; 8:1 7:26,27; 9:26; 10:10,12 Joh. 19:30; Matt. 26:28;

Luk. 22:19; 24:52; Zen. 7:55; Kol. 3:1; Fil. 3:20; 1 Thes. 1:10

**81.** Isidlo seNkosi simiselwe abanjani na?

**Yibo labo abazisola ngenxa yezono zabo kanti nokho banethemba lokuthi sezithethelelwe ngenxa kaKristu. Bazi kahle ukuthi kusasele kubo ubuthakathaka kodwa futhi ukuthi sebumboziwe ngokuhlupheka nokufa kwakhe.**

**Balangazelela ukuqinisa ukukholwa kwabo nokulungisa ukuphila kwabo ngokuqhubekela ngaphambili. Isidlo simiselwé abanjalo.**

**Kodwa abazenzisi nabangaphendukeli kuNkulunkulu ngezinhliziyo eziqotho bona bazidlela baziphuzele icala ngokusidla kwabo.**

1 Kor. 10:19-22; 11:28

**82.** Kukhona abazibonakalisa ngokuvuma nangokuphila kwabo ukuthi abakholwa kuNkulunkulu nokuthi abamnaki. Kungamukelwa abanjalo esidlweni yini?

**Cha, umakunjalo kungcoliswa isivumelwano asenzé nathi uNkulunkulu, kuvuswe ulaka lwakhe phezu kwebandla lonke.**

**Yilokhu ibandla likaKristu lifanele ukubavalela ngaphandle abanjalo ngezihluthulelo zombuso wezulu ngomyalo wakhe nabaphostoli bakhe. Bangabuye bamukelwe futhi nxa bebonakalisa ukuphenduka kokuphila kwabo.**

2 Kor. 11:20, 34; Isay. 1:11; 66:3; Jer. 7:21; iHub. 50:16

# ISONTO 31

**83.** Izihluthulelo zombuso ziyini?

**Esokuqala singukushumayela iVangeli; esesibili siyisibuyiso sobuKristu noma ukuvalelwa ngaphandle kwebandla likaKristu. Yilezizombiü ezivulela abakholwayo umbuso wezulu, ziwuvalele abangakholiwe.**

**84.** Isihluthulelo sokuqala sokuvula nesokuvala umbuso esingukushumayela iVangeli, sisebenza kanjani na?

**Sivula ngomyalo kaKristu lapho kushunyayelwa obala kwabakholwayo bonke, yilowo naiowo ngokwakhe ukuthi izono zabo zonke ziyathethelelwa ngempela nguNkuIunkulu ngenxa kaKristu. UNkulunkulu uyakwenza lokho njalo nxa bamukela isethembiso lesi seVangeli ngokukholwa okuyikho.**

**Kodwa lesisihluthulelo sivala lapho kushunyayelwa kwabangakholiwe nabangaphenduki ngobuqotho ukuthi ulaka lukaNkulunkulu nokulahlwa okuphakade kuphezu kwabo uma bengaphenduki. Njengoba iVangeli lifakaza kanjalo, uNkulunkulu uyakwahlulela kanjalo kulokhukuphila nakukho okuzayo**.

Joh. 21-23; Matt. 16:19

**85.** Isihluthulelo sesibili sesibuyiso sisebenza kanjani na?

**Sivala kanje: phakathi esontweni kukhona njalo abathi bangamaKristu kodwa nokho babambelela emfundisweni engesiyo ekaKristu noma abankambo yabo iyaphikisa ubuKristu. Abanjaloke mabakhuzwe njalonjalo ngomyalo kaKristu njengabazalwane; kuyokuthi uma bengahlukani**

**namaphutha nezinkambo zabo ezimbi, babikwe ebandleni noma kulabo abagcotshelwé okunjalo ebandleni; kuyokuthi uma nokho bengalaleli mabenqatshelwe amasakramente, bavalelwe ngaphandle kwebandla likaKristu, bavalelwa kanjalo futhi nguNkuIunkulu uqobo ngaphandle kombuso kaKristu.**

**Lesihluthulelo sesisibili siyavula futhi uma abanjalo bethembisa babonise futhi ukuphenduka okuqotho, babuye bamukelwe esontweni babe-ngamalunga kaKristu nawebandla lakhe**.

Matt. 28:19; Mark. 16:16; Izenzo 2:38

# ISINGABA SESITHATHU: NGIYAMBONGA

## ISONTO 32

**86.** Kusafanele ngani senze imisebenzi elungile njengoba uKristu esesisindisile ezonweni zethu na? Angithi konke kuya ngomusa wakhe kuphela?

**Kusafanele ngoba ngokokuqala ngemva kokuba uKristu esesisindisile ngegazi lakhe, usenzé sibe-basha futhi ngoMoya wakhe sibe-ngumfanekiso wakhe; ngakho ukuphila kwethu konke makumbonge uNkuiunkulu ngenxa yemisebenzi yakhe yonke yomusa, adunyiswe ngathi.**

**Ngokwesibili yilowo abe-nesiqiniseko ngokwakhe ngokukholwa kwakhe nxa ebona izithelo zakho.**

**Ngokwesithathu omakhelwane bethu bazuzelwe uKristu ngokuhamba kwethu okunjalo.**

Rom 6:13; 12:1, 2;  1Pet 1:10; 2:5,9,12; 1 Kor. 6:20; Matt. 5:16; 7:17; Gal 5:6, 22

**87.** Konje abaqhubeka ngokuphila kwabo okubi bengambongi uNkulunkulu ngabe bangasindiswa nabo na?

**Cha ngeke, ngoba uMbhalo uthi nazifebe, nabakhonza isithombe, naziphingi, namasela, nabahahayo, nazidakwa, nazithuki, nabaphangi, nabanjalo abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkuIu.**

1 Kor. 6:9, 10; Efe 5:5, 6; 1 Joh. 3:14

# ISONTO 33

**88.** Kuyabonakala ukuthi ukuphenduka kwempela, noma ukubuyela kuNkulunkulu kuswelekile ukuba kube-khona; kodwa kuyini khona lokhu kuphenduka kwempela?

**Kungukufa komuntu omdala nokuvuka komuntu omusha.**

Rom 6:1,4-6; Efe 4:22-24; Kol 3:5,6,8-10; 1Kor 5:7; 2Kor 7:10

**89.** Ukufa komuntu omdala kuyini?

**Kungukudabuka kwenhliziyo kokuthi simthukuthelisile uNkulunkulu ngezono zethu ukuze sizizonde sizibalekele ngokuqhubekela phambili.**

Rom 8:3; Jow 2:13; Hos 6:1

**90.** Ukuvuka komuntu omusha kuyini?

**Kuyinjabulo yenhliziyo kuNkulunkulu ngoKristu, kanye nesifiso nothando lokuphila ngokwentando kaNkulunkulu emisebenzini yonke elungileyo.**

Rom. 5:1; 6:10, 11; 14:17; ISay. 57:15; Gal. 2:20

**91.** Manjena imisebenzi elungileyo iyini?

**Yikho lokho kodwa esikwenza ngokukholwa okuyikho**

**okuhambelana nomthetho kaNkulunkulu kube-yindumiso yakhe; akuyikho lokho okumile phezu kwemibono noma amasiko noma izimiso zabantu.**

Rom. 14:23; Lev. 18:4; ISam. 15:22; Efe 2:10; 1 Kor. 10:31; Hez. 20:18,19; Isay. 29:13; Matt. 15:7-9

## UMTHANDAZO

## ISONTO 34

**92.** Umthetho kaNkulunkulu uthini?

**UNkulunkulu wakhuluma onke lamazwi wathi (Eks 20:1 -7; Dut. 5:6-21):** ***"NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.***

umyalo wokuqala

***Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami***.

umyalo wesibili

***Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini phatisi komhlaba; ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina-Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo, kepha ngibenzela umasa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami.***

umyalo wesithathu

***Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.***

umyalo wesine

***Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Izinsuku***

***eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho; kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza-msebenzi ngalo, wena nendodana yakho nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nezinkomo zakho, nomfokazi osemzini wakho; ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa; ngalokho uJehova walubusisa usuku lwesabatha, walungcwelisa.***

umyalo wesihlanu

***Yazisa uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.***

umyalo wesithupha

***Ungabulali***

umyalo wesikhombisa

***Ungaphingi***

umyalo wesishiyagalombili

***Ungebi***

umyalo wesishiyagalolunye

***Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho***

umyalo weshumi

***Ungafisi indlu yomakhelwane wakho; ungafisi umfazi womakhelwane wakho, nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho.***

**93.** Imiyalo eyishumi yalomthetho ihlukaniswa kanjani?

**Ngezibhebhe ezimbili: esokuqala(esiphethe imiyalo emine) siyasifundisa ukuthi sifanele siziphathe kanjani phambi kukaNkulunkulu; esesibili (esiphethe imiyalo eyisithupha) sithi yiziphi izimfanelo esinazo maqondana nawomakhelwane bethu.**

Dut 4:13; 10:3,4; Eks 34: 28; Matt 22:37-40

**94.** Ufunani uNkulunkulu emyalweni wokuqala?

**Ukuthi ngigweme ngibalekele konke ukukhonza izithombe okunjengokuthakatha nobungoma nazo zonke izimfundisoze , ngingazibandakanyi nenkonzo yabathiwa 'abangcwele' noma obani abadaliwe nguNkulunkulu, funa ngilahlekelwe yinsindiso yami. .**

**Futhike ngimazi njengoNkulunkulu oyedwa weqiniso, ngimethembe Yena yedwa, ngimthobele ngokubekezela, ngibheke kuYe aze angiphe konke okuhle, ngimthande, ngimesabe, ngimkhonze ngenhliziyo yami yonke, yebo, ngiqikelele ngize ngiyeke ngidele abantu bonke kunokuba ngenze noma ntoni emelene nentando yakhe.**

Matt 4:10; 1 Kor 6:10; 10:7; Dut 18:9,10; Lev 19:31; IsAm. 19:10; 22:8, 9; Joh 17:3; Jer 17:5, 7; 1 Pet 5:5; Heb 10:36; Fil 4:14; iHub 104:27; 111:10

**95.** UNkulunkulu usenqabela konke ukukhonza izithombe; kuyini khona lokhu?

**Ngukuqamba nokuphatha noma yini kanye noNkulunkulu noma esikhundleni sakhe esethemba kuyo; ithemba lethu malibe-kuYena yedwa oweqiniso ozambule eZwini lakhe.**

Joh 5:23; Efe 5:5; 1 Kro 16:26; Fil 3:19; Gal 4:8; Efe 2:23; 2 Joh. vs 9; Joh. 5:23

# ISONTO 35

**96.** Ufunani uNkulunkulu emyalweni wesibili na?

**Uyala ukuba singamfanekisi ngezithombe nakanjani, singamkhonzi ngenye indlela ngaphandle kwaleyo eyalezwa nguYe eZwini lakhe.**

Dut 4:15, 15; 12:30; Isa 40:18,19; 25; Matt 15:9; Izen 17:29; 1 Sam 15:23

**97.** Kusho ukuthi singenze izithombe noma yiziphi na?

**UNkulunkulu akanakufanekiswa ngesithombe; kungezanywe futhi. Kepha okudaliwe nguYe kungafanekiswa konke. Usenqabela ukumkhonza ngomfanekiso wento edaliweyo noma ukuwusebenzisela inkonzo yakhe.**

1 Sam 40:25; Eks 34:17; 23:24; Num 33:52

**98.** Kodwa izithombe zingabekwa ezindlini zesonto zibe- "yizincwadi zabangafundile" njengokuba kwashiwo endulo na?

**Cha, masingazishayi abahlakaniphileyo kuno Nkulunkulu uqobo. Akafuni ukufundisa abantu bakhe ngezithombe ezingakwazi ukukhuluma kodwa ngokushumayela okuphilayo kweZwi lakhe kuphela.**

Jer 10:8; Rom 10:14,15,17; 2 Pet 1:19; 2 Thim 3:16, 17; Hab. 2:18,19

# ISONTO 36

**99.** Umyalo wesithathu ufunani na?

**Ukuba singahlambalazi singaphathi kabi noma kalula nje igama likaNkulunkulu nangokulethuka nangokufunga amanga noma ngokufunga nje okungadingekile. Futhi ukuba singasenzi lesisono esibi sibe-ngesethu nxa senziwa ngabanye phambi kwethu, sithula thina singakhathali ngaso. Kafushane ukuba siphathe igama elingcwele likaNkulunkulu ngenhlonipho nangovalo kuphela aze avunywe kahle, akhulekelwe yithi, adunyiswe emazwini nasemisebenzini yethu yonke**

Lev 5:1; 24:15,16; 19:12; Izag 29:24; Jer 4:2; Isa 45:23; Matt 5:37; 10:32; Rom. 2:24; 10:9, 10; 1 Thi 2:8; 6:1; Kol 3:17; iHub 50:15

**100.** Siyezwa, ukulihlambalaza igama likaNkulunkulu ngokufunga nje nangokulethuka kubi kakhulu; kodwa kungani ukuba ngisho nabangazami ukukuvimba lokho nabangakwenqabeli ngokwamandla abo, bavuse ulaka lwakhe na?

**Kunjengoba asikho isono esikhulu esivusa ulaka lukaNkulunkulu njengalesi esokulihlambalaza igama lakhe. Ngakho wayala ukuba lesisono sijeziswe ngokufa.**

Lev 5:1; 24:16; Izag 29:24

# ISONTO 37

**101.** Kepha njengamaKristu singefunge noma nini ngegama likaNkulunkulu na?

**Singafunga kuphela nxa umbuso ukufuna kwizakhamuzi**

**zawo noma nxa kuvela isidingo emphakathini sokuqinisekisa ngakho iqiniso. . Isifiingo esinjalo siyamdumisa uNkulunkulu, basizakale ngaso abanye abantu. Ngakho abangcwele baseTestamente eliDala neliSha basisebenzisile ngoba esinjalo simiswé eZwini likaNkulunkulu.**

Gen. 21:24; 31:53; Dut. 6:13; Josh 9:15; Dut 10:20; 1 Sam 24:23; 2 Sam 3:34; 1 Amakho 1:29; Rom 1:9; 9:1; 2 Kor 1:23

**102.** Ngabe singafunga yini kwabathiwa "abangcwele" noma kwezinye izidalwa?

**Cha, ngoba ukufunga okungomthetho kungukumbiza uNkulunkulu ukuba Yena yedwa owazi inhliziyo, afakazele iqiniso engilishoyo, aze angijezise nxa ngifunga amanga. Udumo olunje alufanele noma-ubani, uNkulunkulu kuphela.**

Matt 5: 34-36; Rom 9:1; 2 Kor 1:23; Jak. 5:12

## ISONTO 38

**103.** Ufunani uNkulunkulu emyalweni wesine na?

**Okokuqala ukuthi inkonzo yeVangeli yasemabandleni igcinwe kahle kanye nezikole zayo, Futhi-ke ukuthi mina uqobo ngikhuthalele ukuza ebandleni likaNkulunkulu, ikakhulu ngesabatha (noma ngosuku lokuphumula), ngilalele khona iZwi likaNkulunkulu, ngisebenzise amasakramente, ngiyibize kanye nebandla lonke iNkosi obala, nginikelele abampofu izipho.**

**Okwesibili ukuthi nginqamule imisebenzi yami emibi zonke izinsuku zokuphila kwami, ngizinikele eNkosini ukuba isebenze kimi ngoMoya wayo oNgcwele, ngiqale kanjalo iSabatha laphakade ngisekhona kulokhu kuphila.**

iHub 40:10,11; 68:27; Zen2:42; 1 Thim 2:1; 4:13; 2 Thim 1:2;

3:15; 1 Kor 11:33; 14:29; 16:2; Isay 66:23

## ISONTO 39

**104.** UNkulunkulu ufunani emyalweni wesihlanu na?

**Ukuba ngihloniphe ngithande ngokuthembeka konke ubaba nomame nabo bonke abamiswe phezu kwami, ngithobele amandla abanawo kanye nemithetho yabo ngokulalela okufaneleyo; ngibekezelele futhi ubuthakathaka namaphutha abo njengoba uNkulunkulu ongumthombo wamandla asezweni, uthanda ukusibusa ngezandla zabo.**
Gen 9:24; Eks 21:17; Zag 1:8; 4:1; 15:20; 20:20; 23:22; Matt 22:21; Rom 13:1,2,3; Efe 1:2; 5:22; 6:4,9; IPet 2:18; Kol 3:20

## ISONTO 40

**105.** UNkulunkulu ufunani emyalweni wesithupha na?

**Uyanginqabela ukubulala abanye abantu nokubahlazisa nokubazonda nokubalimaza ngemicabango, ngamazwi, ngezenzo noma ngokwami noma ngabanye, futhi ngilahle impindisela yonke. Akafuni futhi ukuthi ngizilimaze mina noma ngizibandakanye ngamabomu ezingozini. Ngakho umbuso uphathisiwe inkemba ukuvimbela isono sokubulala.**

Gen 9:6; Eks 21:14; Matt 5:21,22; 26:52; 4:7; Rom 12:19; 13:4; 13:14; Efe 4:26; Kol 2:23

**106.** Ngabe kusho ukuthi lomyalo awuthinti kuphela indaba yokubulala yini?

**Yebo kunjalo, uNkulunkulu akenqabi ukubulala kuphela kodwa uyasifundisa ukuthi uyawuzonda umthombo uqobo wokubulala njengomona, inzondo, ulaka, isifiso sempindisela; konke okunjalo kungukubulala okuyikho**

**phambi kwakhe.**

Zag 14:30; Rom 1:29; Gal 5:19-21; IJoh 2:11; 3:15; Jak 1:20

**107.** Ngabe kusho ukuthi akwanele yini lapho singabulali abanye?

**Kusho lokho impela; uNkulunkulu akafuni umona nenzondo nolaka kuphela; uyala ukuthi sithande umakhelwane wethu njengalokhu sizithanda thina; kusho ukuthi simphathe ngokubekezela, ngoxolo, ngokuthobeka nangobumnene, sinqande ukuhlupheka kwakhe njengokuba singenza, siphathe kahle ngisho nezitha zethu.**

Eks 24:5; Matt 5:5, 44,45; 7:12; 22:39; Luk 6:36; Rom 12:10, 18, 20; Gal 6:1,2; Efe 4:2; Kol 3:13;

# ISONTO 41

**108.** Umyalo wesikhombisa usifundisani na?

**Ukuthi ukuphinga nawo wonke amanyala aqondene nobulili kuqalekisiwe nguNkulunkulu. Ngakho kusifanele ukwenyanya okunjalo ngempela siphile kamsulwa sizithibe, noma sishadile noma singashadile**.

Lev 18:28; 1Kor 7:7; 1Thes 4:3-5; Heb 13:4; Jud 23

**109.** Ngamanye amazwi, uNkulunkulu akasenqabeli ukuphinga kuphela na?

**Cha, umuntu uyithempeli likaMoya oNgcwele ngomzimba nangomphefumulo; ngakho ufuna ukuba sikugcine konke kube-msulwa kube-ngcwele. Yebo, izenzo zonke ezingcolile namazwi nezimpawu zezandla nemicabango nezinkanuko**

**noma yini enjalo angakhangwa yiyo umuntu, uNkulunkulu uyakwenqaba.**

Matt 5:27,28; 1 Kor 6:18,19; 15:33; Efe 5:3,18

## ISONTO 42

**110.** Yini ayinqaba uNkulunkulu emyalweni wesishiyagalombili na?

**Kuyezwakala ukuthi kushiwo lapha ukweba nokuphanga njengokuba kujeziswa ngumbuso. Kepha uNkulunkulu uthatha futhi njengokweba ukwenza imigilingwane emibi namacebo anobuqili onke esihlosa ngawo ukuzithathela okomunye umuntu, noma obala ngamandla noma ngasese ngesembeso somthetho; njengezibonelo sisho lapha izikali ezingathembekile, nenkohliso kwezohwebo, izimali-mbumbulu, inzalo ephakeme noma enjaio enqatshwe nguNkulunkulu. Kepha akafuni futhi ukuthi ngokuhaha noma ngokuchitha siphathe kabi esikuphiwe nguYe**.

Dut 25:13; Izag 11:1; 16:11; 23:20, 21; 21:20; iHub 15:5; Hez 45:9,10; Isa 33:1; Luk 3:14; 6:35; 1 Kor 5:10; 6:10; 1 Thes 4:6

**111.** Kodwa yini ayifuna kuwe uNkulunkulu ukuba uyenze?

**Ukuba ngilungele ngokwamandla ami inhlalakahle yabanye abantu, ngibaphathe njengokuba nami ngithanda ukuphathwa yibo, ngenze umsebenzi wami ngokuthembeka ngize ngibe-nokungabasiza abadingayo.** Matt 7:12; Efe 4:28

## ISONTO 43

**112.** Yini eshiwo emyalweni wesishiyagalolunye na?

**UNkulunkulu uyenqaba lapha okubi okuqondene nokukhuluma ngabanye abantu: ngingafakazeli noma-ubani amanga, ngingaphendukezeli amazwi noma-akabani, ngingahlebi, ngingan yevuzi, ngingalahli-muntu nje ngingamuzwanga noma ngihlangana nomsebenzi onjalo; kuhle ngigweme amanga onke nenkohliso njengisebenzi kaSathane uqobo; ngokuba ngezinto ezinje ngivusa ulaka olunzima lukaNkulunkulu lungishaye.**

**UNkulunkulu ufuna ukuba ngithande iqiniso ezindabeni zasenkantolo nanxa, ngilikhulume, ngilivume njalo. Futhi-ke ngokwamandla ami ngikhulume kahle ngabanye abantu, ngiqhubekezele igama elihle labo.**

iHub 15:3; 50:19,20; Zag 12:22; 13:5; 19:5; 21:28; Matt 7:1; Luk 6:37; Joh 8:44; 1 Kor. 13:6; Efe 4:25; 1 Pet 4:8

## ISONTO 44

**113.** Umyalo weshumi ufunani kithi na?

**Ukungenzi izono njengokuba zishiwo ngenhla, akwanele. UNkulunkulu usafuna lapha kithi okungaphezulu: makungavuki ezinhliziyweni zethu ngisho nomcabango noma inkanuko emelene nomyalo owodwa kaNkulunkulu kodwa sizonde njalo zonke izono ngenhliziyo yonke, sifise ukukwenza ngenjabulo akufuna kithi uNkulunkulu.**

Rom 7:7

**114.** Asebephendukele kuNkulunkulu bayakwazi ukuyigcina ngokupheleleyo lemiyalo na?

**Cha, bangeke kodwa ngisho nabangcwele kakhulu, besekhona lapha emhlabeni, basaqala nje ukuyilalela.**

**Nokhoke ngokuzimisela okuqotho sebeqale ukuphila hhayi nje ngemiyalo eminye kuphela kodwa ngayo yonke.**

iHub 1:2; Shum 7:20; Rom 7:14,15, 22; 1 Kor 13:9; 1 Joh 1:8

**115.** Uma kunjalo, kungani uNkulunkulu esasishumayeza imiyalo eyishumi ngamandla na? Ngoba phela akekho onokuyigcina kulokhukuphila, akunjalo?

**Lalela, uNkulunkulu usasishumayeza yona njalo, okokuqala ukuba siyazi kangcono imvelo yethu eyonakele zonke izinsuku zethu, size sifumane njalo kuKristu ngobuqotho nentethelelo yezono nokulunga kwakhe.**

**Okwesibili ukuba sikhuthale njalo sikhulekele umusa kaMoya oNgcwele kuNkulunkulu ukuze senziwe basha njalo-njalo ngokomfanekiso kaNkulunkulu, size sifinyelele emgomeni wokuphelela emva kwalokhukuphila.**

iHub 32:5; Matt 5:6; Rom 3:20; 7:24,25; 1Kor 9:24; Fil. 3:12-14

## UMTHANDAZO

## ISONTO 45

**116.** Umthandazo uwafanele ngani amaKristu na?

**Umthandazo usemnqoka ekubongeni akufuna kithi uNkulunkulu; ngakho ufuna ukuba sikhuleke kuYe singaphezi. Kusekhona okunye: uNkulunkulu uyasipha uMoya wakhe oNgcwele kuphela lapho siphikelela ekumkhulekeleni okuqotho sibuye simbonge uNkulunkulu esesiphile.**

iHub 50:14; Matt 7:7; Luk 11:9,13; 1 Thes 5:17

**117.** Umthandazo onjani uNkulunkulu athanda ukuwuzwa?

**Okokuqala masimbize emthandazweni ngobuqotho uNkulunkulu oyedwa noweqiniso kuphela ozambulé kithi eZwini lakhe; nguYena osipha konke esiyalezwa nguYe ukukucela kuYe.**

**Okwesibili sibone kahle izono nosizi lwethu size sizithobe ekukhulekeni kwethu phambi kobukhosi bakhe.**

**Okwesithathu siqiniselwe kahle ukuthi uyezwa impela umthandazo wethu ngenxa yeNkosi uKristu nakuba kungasifanele; usithembisé lokho eZwini lakhe!**

2 Kro 20:12; iHub. 2:11; 27:8; 34:19; 145:18; Isay 66:2; Dan. 9:18; Matt. 7:8; Joh. 4:24; Rom. 8:26; 10:14; 14:13; 16:23;

**118.** UNkulunkulu wasiyala ukuba siceleni kuYe na?

**Konke esikudinga ngomphefumulo nangomzimba; kuhlanganiswé konke yiNkosi uKristu emthandazweni asifundisa wona Yena uqobo**.

Matt 6:33; Jak 1:17

**119.** Lomthandazo uthini?

***"Baba wethu osezulwini;***

***malingcweliswe igama lakho;***

***mawufike umbuso wakho;***

***mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini;***

***usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla;***

***usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi;***

***ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi;***

***ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade.***

***Amen".*** Math 6:9-13; Luk 11:2-4

## ISONTO 46

**120.** UKristu usholoni ngokuthi masimbize uNkulunkulu sithi *Baba wethu?*

**Kunjengoba uNkulunkulu ube-uBaba wethu ngaye uKristu. Kanjalo uKristu uyasikhumbuza khona ekuqaleni komthandazo wethu ukuthi thina singabantwana bakaBaba wethu simhloniphe sibe-novalo nokwethemba phambi kwakhe. Ayikho-enye indlela esingathandaza ngayo. UNkulunkulu uyosipha kanjalo kuphela esikucela kuYe ngokukholwa *okuyikho, Uma* obaba basemhlabeni benza njalo, kakhulu kangakanani-ke uBaba wethu osezulwini.**

Matt 7:9-11; Luk 11:1-13

**121.** Kujotshelelelwani ukuthi *osezulwini* na?

**Ukuba singamcabangi nje uNkulunkulu njengobaba walomhlaba. UNkulunkulu uyiNkosi yasezulwini noSomandla. Ngakho singabheka konke esikudinga ngomzimba nangomphefumulo kuvela kuYe.**

Jer 23:23,24; Zen 17:24,25,27; Rom 10:12

## ISONTO 47

**122.** Isicelo sokuqala sokuthi *malingcweliswe igama lakho* sisho ukuthini?

**Awusiphe kuqala ukuthi sikwazi kahle Wena, sikuhloniphe, sikudumise, sikubonge kukho konke okwenzayo. Ngoba umsebenzi wakho ubonakalisa kahle ukuthi unjani; unamandla nenhlakanipho nobuhle nokulunga nomusa neqiniso.**

**Futhi-ke ukuba sihlele siqondise ukuhamba namazwi nezenzo zethu zonke kangangokuba igama lakho lingahlanjalazwa ngenxa yethu kodwa lidunyise libongwe**.

iHub 71:8; 115:1; 119:105,137; Jer 9:24; Jak 1:5; Matt 16:17; Joh 17:3; Luk 1:46,47,68,69; Rom 11:33

# ISONTO 48

**123.** Isicelo sesibili sokuthi *mawufike umbuso wakho* sisho ukuthini?

**Awubuse phezu kwethu ngeZwi lakho nangoMoya wakho size sizithobe kuwe ngokuqhubekela phambili. Awulilondoloze ibandla lakho ulandise; awuchithe imisebenzi kaSathane nawo onke amandla aziphakamisa malungana naWe kanye nawo onke amacebo amabi aqanjwa ngokumelene neZwi lakho elingcwele. Yenza njalo, Baba, baze bathobele bonke umbuso wakho, oyokuba-yikho konke kuwo-kubo bonke.**

iHub 51: 20:119:5; 122:6; 143:10; Matt 6:33; Joh 3:8; Rom 8:22,23; 16:20; 1 Kor 15:28

# ISONTO 49

**124.** Isicelo sesithathu sokuthi *mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini* sisho ukuthini?

**Siphe ukuba sidele esikufuna thina, senze okufunayo Wena**

**singaphikisi, ngoba yintando yakho yiyo yodwa enhle. Awusifundise ukulalelisa okwezingelosi zasezulwini size senze kube-yilowo nalowo inkonzo nomsebenzi wakhe njengazo ngenhliziyo evumayo nangokuthembeka.**

iHub 103:20,21; Matt 16:24; Luk 22:42; Rom 12:2; 1 Kor 7:24; Efe 5:10; Thit 2:11,12

# ISONTO 50

**125.** Isicelo sesine sokuthi *usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla* sisho ukuthini?

**Awusondle ngakho konke esikudinga kulokhukuphila ukuba sivume ukuthi nguWe ongumthombo owodwa wakho konke okuhle; sibone futhi ukuthi ukunaka nokuzama kwethu, yebo, nakho lokho osipha khona, kungesisize nxa kungabusiswa nguWe. Ngakho masingabe sisethemba abantu; kube-nguWe wedwa oyithemba lethu.**

Dut 8:3; iHub 37:16; 55:23; 62:11; 104:27; 145:15; 146:3; Matt 6:26; Zen 14:17; 17:27; 1 Kor 15:58; Jak 1:17

# ISONTO 51

**126.** Isicelo sesihlanu sokuthi *usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi* sisho ukuthini?

**Siyizoni ezikhalelwayo; nokho ungasibaleli ngenxa yegazi likaKristu nasinye seziphosiso zethu nobubi obunamathela kithi njalo; njengoba sizwa phakathi kwethu izwi lomusa wakho osenzé sibe-ngabazimisele ngobuqotho ukuthethelela nabanye abantu.**

iHub 51:3; 143:2; Matt 6:14; Rom 8:1; 1Joh. 2:1

# ISONTO 52

**127.** Isicelo sesithupha sokuthi *ungasingenisi ekulingweni kodwa usikhulule kokubi* sisho ukuthini?

**Sibuthakathaka thina ngokwethu; asikwazi ngisho umzuzwana nje ukumelana nezitha zethu ezihlala zisivukela; uSathane uqobo nezwe elibi lamanje kanye nenyama yethu okusihlasela njalo ngokungakhathali. Awusisize ukuba sime siqinile ngamandla kaMoya wakho oNgcwele, singaze sibhubhe kulempi yenkolo kodwa sizabalaze njalo ngamandla size sehlule unomphela.**

iHub 103:14; Matt 26:41; Mark 13:33; Joh 15:5,19; Rom 7:23; Gal 5:17; Efe 6:12; 1 Thes 3:13; 5:23; 1 Pet 5:8

**128.** Uyawuqeda kanjani umthandazo wakho na?

**Sithi: Baba, konke lokhu sicela kuWe ngoba Wena uyiNkosi yethu, unguSomandla ophezu kwakho konke nongasipha konke okuhle; siyazi ukuthi uthanda futhi ukwenza njalo. Kanjalo yigama lakho -kungengokuthi elethu- eliyodunyiswa njalonjalo**.

iHub 115:1; Jer 33:8-9; Joh 14:13; Rom 10:12; 2 Pet 3:9

**129.** Sekungenxa yani sisho lelizwana elithi "*Amen" futhi lisho ukuthini na?*

**Lithi: kuqinisekile; ngingaba-nesiqiniseko sokuthi uBaba ukunakile ukukhuleka kwami impela; kungaphezu kokuzwa konke engingabanakho enhliziyweni yami kokuthi ungizwile.**

2 Kor 1:20; 2 Kor 1:20; 2 Thim 2:13